

NALIBALI

It's all about love!

Three special days that celebrate love, fall on 14 February each year: International Book Giving Day, Library Lovers' Day and Valentine's Day. Here is information on each of these days, as well as some ideas for celebrating them!

Konke nje kungothando!

Izinsuku ezintathu ezikhethekile ezibungaza uthando, zingomhla ziyi-14 kuNhlolanja njalo ngonyaka: uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokuphana Ngencwadi, uSuku Lwabathandi Bemitapo Yezincwadi kanye noSuku Lwezithandani. Nalu ulwazi mayelana nosuku ngalunye kulezi kanjalo namasu athile okuzigubha!

INTERNATIONAL BOOK GIVING DAY

Since it began in 2012, International Book Giving Day has continued to grow and grow. The focus of this day is on spreading a love of books and reading by encouraging people worldwide to give a book to a child on 14 February.

You could:

- ★ give a book to a child who is a family member
- ★ leave a book in the waiting room of a doctor or clinic for children to read
- ★ donate a book to your child's school or class.

And it doesn't have to cost a lot either. Book Dash (www.bookdash.org) and the African Storybook (www.africanstorybook.org) have children's books that you can download and print for free!



LIBRARY LOVERS' DAY

Library Lovers' Day started in Australia, but now it is celebrated all around the world. This day is an opportunity for library staff to show off their libraries, and for the rest of us to show our love for libraries.

If you work at a library, try these things.

- ★ Create a display using our special poster on page 2 and some books about love.
- ★ Leave bookmarks in different places in your library as a nice surprise for library-users to find and keep.
- ★ Invite an author to read to children at your library in the week of 14 February.

Here are some ideas for everyone else.

- ★ Donate a copy of your favourite children's book to the library.
- ★ Take your children to the library and read books about love.
- ★ Encourage your children to write a letter or draw a picture to thank a local or school librarian for the wonderful work he or she does in spreading a love of books.

USUKU LWEZIZWE NGEZIZWE LOKUPHANA NGENCWADI

Kusukela lwaqala ngowezi-2012, uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokuphana Ngencwadi selokhu luqhubeka lukhula, lukhula. Lolu suku lugxile ekusabaliseni uthando lwezincwadi nokufunda ngokukhuthaza abantu emhlabeni wonkana ukuthi baphe ingane incwadi mhla ziyi-14 kuNhlolanja. Ungenza lokhu:

- ★ ukupha incwadi ingane eyilungu lomndeni
- ★ ukushiya incwadi egumbini lokulindela lakwadokotela noma emtholampilo ukuze izingane zifunde
- ★ ukunikela ngencwadi esikoleni noma ekilasini lengane yakho.

Futhi-ke akumele kubize kakhulu lokho. AbakwaBook Dash (www.bookdash.org) kanye nabakwa-African Storybook (www.africanstorybook.org) banezincwadi zezingane ongazikhipha uphinde uzigaye mahhala!



USUKU LWABATHANDI BEMITAPO YEZINCWADI

USuku Lwabathandi Bemitapo Yezincwadi lwaqala kwelase-Australia, kodwa manje selugujwa emhlabeni wonke. Lolu suku luyithuba lwabasebenzi basemitatsheni yezincwadi ukuthi bakhangise ngemitapo yabo yezincwadi, kanye neningi lethu ukuthi sikhombise uthando lwethu lwemitapo yezincwadi.

Uma ngabe usebenza emtatsheni wezincwadi, zama lezi zinto.


- ★ Sungula umbukiso usebenzisa iphosta yethu ekhethekile esekhasini lesi-2 kanye nezincwadi ezithile ezimayelana nothando.
 - ★ Shiya izigqebhezana zokubekisa izincwadi ezindaweni ezahlukene emtatsheni wakho wezincwadi njengesimanga esithokozisayo kubasebenzisi bomitapo wezincwadi ukuze bazithole bese bezigcina.
 - ★ Mema umbhali ukuthi afunde izingane emtatsheni wezincwadi wangakini ngesonto lomhla ziyi-14 kuNhlolanja.
- Nayi imibono ethile eqondiswe kuwo wonke omunye umuntu.
- ★ Nikela ngekhophi yencwadi yezingane yakho oyikhonzile emtatsheni wezincwadi.
 - ★ Yisa izingane zakho emtatsheni wezincwadi bese ufunda izincwadi ezimayelana nothando.
 - ★ Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale incwadi noma zidwebhe isithombe ukubonga isikole esisendaweni noma usomtapo wezincwadi ngomsebenzi omuhle awezayo wokusabalisa uthando lwezincwadi.

Valentine's Day

Most people know that Valentine's Day is a day where you show your love for others, but do you know the story behind this day?

The day gets its name from a priest called Valentine who lived in the Roman Empire a very long time ago. The emperor had banned marriage because he wanted a powerful army and he thought that married men were bad soldiers. Valentine felt this was unfair, so he broke the rules and arranged marriages in secret. When the emperor found out, Valentine was thrown in jail and sentenced to death. There, he fell in love with the jailer's daughter and when he was taken to be killed on 14 February, he sent her a love letter signed "from your Valentine".

Enjoy our special Valentine's Day poster (page 2) and activity (page 13)!



We will be taking a break until the week of 24/30 April 2020. Join us then for more Nalibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla zi-24/30 kuMbasakowezi-2020. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNalibali!

USuku Lwezithandani

Iningi labantu liyazi ukuthi uSuku Lwezithandani wusuku lapho ukhombisa uthando lwakho ngabanye, kodwa ngabe uyayazi indaba ngomsuka walolu suku?

USuku lwathola igama lalo kumfundisi obizwa ngokuthi uValentine owayephila ngesikhathi soMbuso wamaRoma esikhathini sakudala. Umbusi wayekuvalile ukushada ngoba wayefuna umbutho wempi onamandla kanti futhi wayecabanga ukuthi amadoda aganiwe ayengamasosha amabi. UValentine wayekubona lokhu kungenabulungiswa, ngakho wayephula imithetho wayesehlela imishado ngasesese. Umbusi esekuthola lokho, uValentine waphonswa ejele futhi wagwetshelwa intambo. Eselapho, wathandana nendodakazi kajele kwathi lapho eseyobulawa mhla ziyi-14 kuNhlolanja, wathumela incwadi yakhe yothando eyayisayinwe ukuthi "iphuma kuValentine wakho".

Thokozela iphosta yethu ekhethekile yoSuku Lwezithandani (ikhasi lesi-2) kanye nomsebenzi (ikhasi le-13)!





Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.



Fall in love with books!



Thandana nezincwadi!



Reading club corner



Ikhona lethimba lokufunda

During the school holidays children are able to relax and have a change of routine. So, school holidays are a good time to get children hooked on reading, or to keep them in the habit of reading for enjoyment! Running a holiday programme is an excellent way of doing this.

The Diaconia-Nal'ibali partnership in the Western Cape has been investing in holiday programmes for children in the Parow and Brackenfell areas. We found out some more about these programmes to share with you.



Why did you start these programmes?

We wanted to provide safe places for children to be during the school holidays while their parents are working. We also wanted to find a way to build bridges between the children in different communities in these areas because they don't usually have contact with each other. And of course, we wanted to let children experience the satisfaction of reading for enjoyment.

How old are the children?

The average age is 10 years old, but the programme is open to children aged 2 to 16 years.

Where are the programmes held?

In church halls and community halls.

What happens during a typical day?

Our holiday programmes run from Monday to Friday (9 a.m. to 1 p.m.) for one week. Stories are the focus of what we do. We spend time each day reading a Bible story and another story to the children and discussing these together. Then we do some story-related activities and some team-building activities in which the children have fun working together to solve a problem. Every day we also play a few games with the children and we always end with a picnic lunch!

Besides developing children's interest in reading, the Diaconia-Nal'ibali holiday programmes have seen other positive spin-offs. Friendships have formed amongst some children and the children have started socialising with each other. Story sharing really is a great way of connecting with others!

Ngesikhathi samaholide esikole izingane ziyakwazi ukukhululeka ziphinde zibe nokuguquka kwenqubo yansuku zonke. Ngakho-ke, amaholide esikole ayisikhathi esihle sokubamba izingane ngokufunda, noma ukuzigcina emkhubeni wokufundela ukuzithokozisa! Ukuba nohlelo lwamaholide kuyindlela enhle kakhulu yokwenza lokhu.

Ukubambisana kweDiaconia-Nal'ibali eNtshonalanga Kapa bekutshala izimali ezinhlelweni zamaholide ezindaweni ezifana neParow kanye neBrackenfell. Sithole okuthile okwengeziwe ngalezi zinhlelo nesizokwabelana nawe ngakho.

Kungani niqale lezi zinhlelo?

Besifuna ukuba kube nezindawo eziphephile zezingane ngesikhathi samaholide esikole ngenkathi abazali bazo besebenza. Besifuna futhi nokuthola indlela yokwakha amabhulohlo phakathi kwezingane emiphakathini eyahlukene kulezi zindawo ngoba akuvamile ukuba zihlangane. Futhi vele nje, besifuna ukwenza izingane zithole ukwaneliseka ngokufundela ukuzithokozisa.

Zindala kangakanani izingane?

Iminyaka yobudala evamile ngeyi-10, kodwa uhlelo luvuleleke ezingane ezineminyaka yobudala emi-2 kuya kweyi-16.

Ngabe zenzelwa kuphi izinhlelo?

Emahholo amasonto kanye nasemahholo omphakathi.

Kwenzekani ngosuku olujwayelekile?

Izinhlelo zethu zamaholide zenzeka kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu (ngelesi-9 ekuseni kuya kweloku-1 ntambama) ngesonto elilodwa. Izindaba ziyingxenye esigxila kuyo kwesikwenzayo. Sichiitha isikhathi ngosuku ngalunye sifundela izingane indaba esebhayibhelini kanye nenye bese sixoxa ngazo sindawonye. Emva kwalokho senza imisebenzi ethile ehlobene nendaba kanye nemisebenzi yokwakhana njengethimba lapho izingane zithokozela khona ukusebenza ndawonye ukuxazulula inkinga. Nsuku zonke siphinde sidlale imidlalo embalwa nezingane bese njalo nje siphetha ngokuba nesidlo sasemini esiyiphikinihki!

Ngaphandle kokuthuthukisa intshisekelo yokufunda ezinganeni, izinhlelo zamaholide zabakwaDiaconia-Nal'ibali zibone eminye imiphumela emihle. Kwakheke ubungani phakathi kwezinye izingane futhi seziqalile ukujwayelana. Ukwabelana ngezindaba ngempela kuyindlela enhle yokuxhumana nabanye!

Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNal'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho!



About Josh

Age: 12

Lives with: his father and his aunt

Speaks: English, Afrikaans and a little Sesotho

Enjoys: anything to do with computers and cellphones, as well as building and flying kites

Favourite books: teen stories on his cellphone, books about aeroplanes

He likes to read aloud to: Bella, Neo, Priya and Afrika

When he grows up, he wants to be: a pilot

Mayelana noJosh

Iminyaka yobudala: 12

Ahlala nabo: uyise no-anti wakhe

Ukhuluma: isiNgisi, isiBhunu nesiSuthu kancane nje

Akuthokozelayo: noma yini ephathelene namakhompiyutha nomakhalekhukhwini, kanjalo nokwakha nokundizisa amakhayithi

Izincwadi azikhonzile: izindaba zamabhungu namatshitshi kumakhalekhukhwini wakhe, izincwadi ezimayelana nezindiza

Uyathanda ukufunda kuzwakale efundela: uBella, uNeo, uPriya no-Afrika

Uma esekhulile, ufuna ukuba: umshayeli wezindiza



Your story

During International School Library Month in October 2019, Diaconia, in partnership with IBBY SA and the South African Astronomical Observatory, ran an imbizo focusing on libraries. As part of this, children were asked to write about the importance of school libraries. Here is what Caleb Klaasen from Dalweide Primary School in Paarl wrote.


Our library

I love to read. My belief is that reading expands one's knowledge. At our school, we recently re-opened our library. It is filled with bright colours and dreams.

Each book that we are issued is either educational or adventurous. The books are so neatly packed that when you enter the library, you already know which book you are going to take. Informational books tell us about history. When I want to prepare for a history or geography task, I take out a book related to it. Story books are an adventure on its own. A library is really a magical place. When our library first opened, I was so excited. I have fallen in love with reading again and again.

When I feel down, I usually read a book, and after reading it, I feel far better. Opening the library at school was one of the best things the school has ever done.

Caleb Klaasen, 10 years old



Caleb Klaasen

Indaba yakho

Ngenkathi kuqhubeka Inyanga Yezizwe Ngezizwe Yomtapo Wezincwadi Wezikole ngoMfumfu wezi-2020, abakwaDiaconia, ngokuhlanganyela ne-IBBY SA neSouth African Astronomical Observatory, babe nembizo ebigxile emitatsheni yezincwadi. Njengengxenywe yalokhu, izingane bezicelwe ukuthi zibhale ngokubaluleka komtapo wezincwadi wesikole. Nakho akubhalile uCaleb Klaasen ophuma eSikoleni Samabanga Aphansi i-Dalweide ePaarl.

Umtapo wezincwadi wethu

Ngiyakuthanda ukufunda. Ngikholwa wukuthi ukufunda kunweba ulwazi lomuntu. Esikoleni sethu, sisanda kuphinde sivule umtapo wezincwadi wethu. Ufakwe imibala egqamile kanye namaphupho.

Incwadi ngayinye esinikezwa yona iyafundisa noma iyathokozisa. Izincwadi zibekwe ngokucophelela ngangokuthi lapho ungena emitatsheni wezincwadi, usuke usuvele wazi ukuthi iyiphi incwadi ozoyithatha. Izincwadi ezedlulisa ulwazi zisithela ngomlando. Lapho ngifuna ukulungiselela umsebenzi wezomlando noma ezomumo womhlaba, ngithatha incwadi ehlobene nalokho. Izincwadi zezindaba ziwuhambo lwentokozo ngokwazo. Umtapo wezincwadi ngempela uyindawo eyisimangaliso. Lapho umtapo wezincwadi wethu uvulwa okokuqala, ngangijabule kakhulu. Sengithanda ukude ngifunda.

Uma ngizwa ngidangele, ngivamise ukufunda incwadi, kuthi ngemuva kokuyifunda, ngizwe sengingcono kakhulu. Ukuvulwa komtapo wezincwadi esikoleni kwaba ngenye yezinto ezinhle kakhulu isikole esike sazenza.

NguCaleb Klaasen, one-10 leminyaka yobudala

Send your pictures and stories to info@nalibali.org, or to The Nal'ibali Supplement, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Remember to make sure that we know that you want them published in the Nal'ibali Supplement and include your name and contact details.

Thumela izithombe zakho kanye nezindaba ku-info@nalibali.org, noma ku-The Nal'ibali Supplement, The Nal'ibali Trust, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, 7700. Khumbula ukwenza isiqiniseko sokuthi siyazi ukuthi ufuna sizishicilele kuSithasiselo sikaNal'ibali futhi ufake igama lakho kanye neminingwane yokuxhumana.

WIN! WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Why is there a hole in the wall?* (pages 5, 6, 11 and 12) or *Wiggle jiggle* (pages 7 to 10), and email it to team@bookdash.org, or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Your review could be published in a future Nal'ibali Supplement!) Remember to include your full name, age and contact details.


Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Kungani kunembobo obondeni?* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) noma *Phinqiphinqi nyakanyaka* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-team@bookdash.org, noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Iqoqa lakho lokuhlaziya lingashicilelwa kuSithasiselo sikaNal'ibali sangesikhathi esizayo!) Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.

book
dash



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

“Kungani kunembobo obondeni?” kwabuza uLungisa kugogo wakhe.
 “Ukuze amadlozi ethu abe nentuba yokufinyelela kithi,” kwaphendula yena.
 “Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.




“Why is there a hole in the wall?” Lungisa asked his granny.
 “So that our ancestors will have a gateway to us,” she replied.
 “Interesting,” said Lungisa.

“Ngoba amagagasi ayeshaya edwaleni iminyaka eyizigidi, ayesenza imbobo edwaleni lechweba,” kwasho yena.
 “Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.
 “Because waves crashed against the rock for millions of years, and made a hole in the sandstone,” she said.
 “Interesting,” said Lungisa.



Lots more free books at bookdash.org

Why is there a hole in the wall? Kungani kunembobo obondeni?




Amy Slatem
 Kirsty Paxton
 Danielle Botha

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi







“Why is there a hole in the wall?” Lungisa asked his teacher.
 “Kungani kunembobo obondenit?” Lungisa ebuza kuthisha wakhe.



Lungisa lived in a village called esiKhaleni or Place of Noise. Some people also call it Hole-in-the-Wall.



“Why is there a hole in the wall?” Lungisa asked his auntie.
 “It is a window to God,” she said.
 “Interesting,” said Lungisa.




“Kungani kunembobo obondenit?” kwabuza uLungisa kubabekazi wakhe.
 “Iyifasitela eliya kuNkulunkulu,” kwasho yena.
 “Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.



Kodwa waqhubeka nokubuza.



PHUU!!! Ubulongwe bami
bemilingo benza izitshalo zikhule
zibe NKULU.




POO!!! My magic poo makes plants
grow BIG.



Lots more free books at bookdash.org

Wiggle jiggle Phinqiphinqi nyakanyaka

Megan Vermaak
Mathapelo Mabaso
Chenél Ferreira



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination

Phinqilikiyane!
Phinqiphinqi, nyakanyaka,
Ngibuke ngiphinqilika futhi ngidansa.



Wiggle!
Watch me wiggle and dance. Wiggle, jiggle,
wiggle!

Wiggle, jiggle, wriggle! I am
a wiggly worm.



Phinqiphinqi, nyakanyaka,
phinqilikiyane! Ngiyisibungu esiphinqilikayo.

Ngiyathanda ukubona izitshalo zikhula.
Ziphuzi, zibomvu, ziluhlaza okwesibhakabhaka
ziphinde zibe luhlaza okotshani.



I love to see the plants grow. Yellow, red,
blue and green.



Phinqiphinqi, nyakanyaka,
Phinqilikiyane!
Ngiyisibungu esiphinqilikayo.

Wiggle, jiggle, wriggle!
I am a wiggly worm.




I love the rain. Pitter-patter on
the leaves.
Ngiyayithanda imvula.
Chapha-chapha phezu kwamagabunga.



Flitter, flutter,
flitter! I am a butterfly!

Bhakubhaku,
phekeke,
bhakubhaku!
Ngiwuvemvane!




Flowers and leaves are my favourite food.
Yummy in my tummy!




Izimbali namacembe wukudla kwami
engikukhonzile. Kuyazoyizoyiza
kwesami isisu!

Phinqphinq, nyakanyaka,
Phinqhlikiyane! Ngiyisibungu esiphinqhlikayo.



Wiggle when you see me in the garden.
Wiggle, jiggle, wriggle!
Phinqhlika uma ungibona esivandeni.
Phinqphinq, nyakanyaka,
Phinqhlikiyane!

Wiggle, jiggle, wriggle! I am a wiggly worm.



Where am I now? I'm here in my cocoon.

Ngikuphi manje? Ngilapha egobolondweni lami.

Oh wait! I'm **NOT** a wiggly worm anymore!

Hhayi bo awume!
Angisesona nhlobo isibungu esiphinqhlikayo!





“Why is there a hole in the wall?” Lungisa asked his friend.


“Because a ship crashed into the wall,” he replied.

“Interesting,” said Lungisa.


“Kungani kunembobo obondeni?” kubuza uLungisa kumngani wakhe.

“Ngoba umkhumbi waphahlazeka obondeni, kwaphendula yena.

“Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.



But he kept on asking.



ULungisa wayehlala esigodini esibizwa ngokuthi kusesiKhaleni noma eNdaweni Yomsindo. Abanye abantu baphinde bayibize ngokuthi Imbobo-Isobondeni.



“Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.

“Interesting,” said Lungisa.

“Why is there a hole in the wall?” Lungisa asked his mother.

“Because one of the sea-people used a giant fish head to break through the wall so that he could get to the woman he loved,” she replied.

“Kungani kunembobo obondeni?” uLungisa ebuza kunina.


“Ngoba omunye wabantu basolwandle wasebenzisa ikhanda lenhlanzi enkulu ukubhoboza ubonda ukuze afinyelele kowesifazane ayemthanda,” kuphendula unina.



And Lungisa laughed.

“So that my brother will keep on asking questions,” she said.

“Why is there a hole in the wall?” Lungisa asked his little sister.



“Kungani kunembobo obondeni?” kwabuza uLungisa kudawabo omncane.

“Ukuze umfowethu abe lokhu eqhubeka ebuza imibuzo,” kwasho yena.

ULungisa wavele wahleka.

Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Na'ibali Supplement: *Why is there a hole in the wall?* (pages 5, 6, 11 and 12), *Wiggle jiggle* (pages 7 to 10) and *How to be a superhero* (page 14). There's also a special Valentine's Day activity for you to try.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!


Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNa'ibali: *Kungani kunembobo obondeni?* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Phinqiphinqi nyakanyaka* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *Indlela yokuba yiqhawe elikhulu* (ikhasi le-15). Kuphinde kube khona umsebenzi okhethekile woSuku Lwezithandani owenzelwe ukuthi uwuzame.

Why is there a hole in the wall?

- ★ Why do you think Lungisa keeps asking the same question?
- ★ Do you have questions that you would like to find answers to? Write a list of these questions and then ask around to find answers to one or two of them. Or you could look for answers in books or on the internet. Is there more than one possible answer to your questions?



Kungani kunembobo obondeni?




- ★ Ucabanga ukuthi kungani uLungisa elokhu ebuza umbuzo ofanayo?
- ★ Ngabe unemibuzo ongathanda ukuthola izimpendulo zayo? Bhala uhlu lwale mibuzo bese uhamba ubuza ukuze uthole izimpendulo zowodwa noma zemibili yayo. Noma ungabheka izimpendulo ezincwadini noma ku-inthanethi. Ngabe kukhona izimpendulo ezingaphezu kweyodwa emibuzweni yakho?

Wiggle jiggle

Follow the steps to make your own wiggly worm.

1. Cut a sheet of A4 paper in half lengthwise.
2. Glue or tape the ends of the two strips so that you have one long strip.
3. Fold one end over to make a triangle. Then fold it the other way to make another triangle. Keep folding triangles like this until the whole strip of paper is folded.
4. Open the folded triangles out into a long strip again to make a worm.
5. Draw a face and decorate your worm.



Phinqiphinqi nyakanyaka

Landela lezi zinyathelo ukwenza esakho isibungu esiphinqilikayo.

1. Sika isiqephu sephepha esibukhulu obuyi-A4 sibe wuhhafu ngokobude bephepha.
2. Namathisela ngegulu noma ngetheyiphu amachopho eziqephu ezimbili ukuze ube nomdwehu omude.
3. Goqa ichopho elilodwa ukuze wenze unxantathu. Emva kwalokho ligoqele kolunye uhlangothi ukuze wenze omunye unxantathu. Qhubeka ugoqe onxantathu kanje wonke umdwehu wephepha uze ugoqele.
4. Vula onxantathu abagoqiwe baphinde babe umdwehu omude futhi ukwenza isibungu.
5. Dweba ubuso bese uhlobisa isibungu sakho.

How to be a superhero

Write a letter to Timo suggesting some of your favourite storybooks that he might enjoy reading. Remember to explain what you like about these stories.



Indlela yokuba yiqhawe elikhulu

Bhala incwadi eya kuTimo uphakamise ezinye zezincwadi zakho zezindaba ozikhonzile angase athokozele ukuzifunda. Khumbula ukuchaza okuthandayo ngalezi zindaba.

Make a mobile

Follow the steps to make a Valentine's Day mobile that shows your love of stories!

1. Use thin cardboard, or glue two sheets of blank paper together.
2. Draw or trace a heart shape on one side.
3. Cut out the heart and make two holes at the top.
4. Using as many languages as you can, write: *I love stories* on one side of your heart. Colour the background red.
5. On the other side of your heart, draw a picture of something that reminds you of stories.
6. Thread some wool or string through the holes and hang up your mobile.



Yakha imobhayili

Landela lezi zinyathelo ukwenza imobhayili (umfanekiso ophathwayo) woSuku Lwezithandani ukukhombisa uthando lwakho lwezindaba!

1. Sebenzisa ikhadibhodi elingelona ugqinsi, noma unamathisele ndawonye iziqephu ezimbili zephepha elingenalutho.
2. Yenza umfanekiso noma udwebe ngokulandela isimo senhliziyo ohlangothini olulodwa.
3. Sika ukhiphe inhliziyo bese ubhoboza izimbobo ezimbili phezulu.
4. Ngokusebenzisa izilimi eziningi ngangamandla akho, bhala ukuthi: *Ngithanda izindaba* ohlangothini olulodwa lwenhliziyo yakho. Faka umbala obomvu ngemuva.
5. Ngakulolu olunye uhlangothi lwenhliziyo yakho, dweba isithombe sento ezokukhumbuza izindaba.
6. Thungela iwuli noma intambo ezimbotsheni bese ulengisa imobhayili yakho.



How to be a superhero

By Bubele Retshe ■ Illustrated by Jiggs Snaddon-Wood



Timo lived in a small village surrounded by mountains, green fields and beautiful forests, but his favourite place was the park. He loved it there because he felt like a superhero when he ran around, climbed on the jungle gym and spun on the merry-go-round.

Every day when Timo came home from school, he would get changed out of his school uniform and eat the delicious sandwich that his grandmother had made for him. Then he would do his homework and, when it was done, he would rush outside shouting, "Granny, Granny, it's playtime!"

And Granny would call after him, "Timo, wait! Don't you want me to read you a story?"

"No, Granny, I need to play and explore," Timo would reply, already on his way to meet his friends who were waiting for him at the gate.



"There are many places that you can explore in storybooks, Timo," Granny would say. "Books can teach you lots of things and take you to places that you have never been."

Timo would giggle and say, "Granny, books can't take me anywhere. Only cars can do that!" Then he would run off down the road to the park with his friends.

One afternoon, Timo's best friend, Ben, was waiting for him at the gate.

"Hey, Timo, are you ready to play?" asked Ben.

"I'm always ready," said Timo racing down the street with his best friend. They both wanted to get to the park first.

When they got there, Timo's other friends were waiting for them. Pamela was sitting on the swing crying, while Noma and Siya were standing next to her. They looked worried.

Timo moved closer to find out what was going on. "What happened to Pamela?" he asked.

"She was on the swing and Siya accidentally pushed it too hard. Pamela fell off the swing and now her knee is bleeding," explained Noma.

"Oh no! What are we going to do?" asked Ben.

"It's okay, I know what to do," said Noma reaching for her backpack and taking out a small bag.

"What is that?" Timo asked.

"It's a first aid kit. I will clean Pamela's knee and then put on this plaster so that it feels better," said Noma.

The friends were surprised that Noma knew exactly what to do. Once the plaster was on, Pamela said she felt much better and she wanted to play again. All the friends felt happy and relieved and they thanked Noma.

All the friends raced over to the jungle gym – except Timo. He was wondering how Noma had known what to do. He wanted to know where you could learn these kinds of things because superheroes are supposed to know how to help people!

Timo walked over to where Noma was climbing and asked, "Noma, how did you know what to do?"

Noma smiled and said, "I read it in a storybook."

"You learnt all of that from reading a storybook?" asked Timo. He wasn't sure he could believe what Noma had said.

"Yes, Timo. I want to be a doctor when I grow up so that I can help people. When I read storybooks, I learn about how doctors help people," said Noma.

Timo was amazed! "I want to be a superhero and help people too. Do you think storybooks could help me do that?" he asked.

"Yes, of course!" said Noma. "Storybooks can teach you lots of things. Just get them from the library and start reading."

The next day, when he got home from school, Timo changed out of his school uniform and ate the delicious sandwich that his grandmother had made for him. Then he did his homework.

He had just finished when Granny called him. "Timo, your friends are here. They are waiting for you to go to the park with them."

"Please tell them I will join them later, Granny," answered Timo.

Granny could not believe her ears! Timo was always in a hurry to go to the park. "Why aren't you going right now?" she asked.

"I'd like you to read me a story before I go, please," said Timo.

Granny smiled happily. "That's new! Why do you want me to read you a story today?" she asked.

"Because Noma says stories can teach me how to be a superhero and help my friends," Timo said as he jumped up and down excitedly.

"That's my boy!" said Granny as she picked up a storybook.

So, Granny and Timo sat down together and read that storybook – and another, and another. And every afternoon after that, before Timo went to play in the park, he asked Granny to read to him.





Indlela yokuba yiqhawe elikhulu

NguBubele Retshe ■ Imidwebho nguJiggs Snaddon-Wood



UTimo wayehlala esigodini esincane esizungezwe yizintaba, amathafa aluhlaza kanye namahlathi amahle, kodwa indawo yakhe ayithandayo kwakuyipaki. Wayethanda lapho ngoba wayezizwa enjengeqhawe elikhulu uma egijima ezungeza, enombela emjikelweni futhi ephinda ezungeza emzungezweni.

Nsuku zonke uma uTimo efika ekhaya ephuma esikoleni, wayephuma ashintshe umfaniswano wakhe bese edla isemitshi elimnandi uninakhulu ayemenzele lona. Emva kwalokho wabe esenza umsebenzi wakhe wesikole owenziwa ekhaya futhi, uma eseqedile, wayephuthuma phandle ememeza, "Gogo, Gogo, sekuyisikhathi sokudlala!"

UGogo uzobe esembiza ethi, "Timo, linda! Awufuni ukuthi ngikufundele indaba?"

"Cha, Gogo, ngidinga ukudlala nokuhlola izinto," kuphendula uTimo, esevele esesindleleni eyohlangana nabangani bakhe ababemlinde esangweni.



"Kukhona izindawo eziningi ongakwazi ukuzihamba uzihlale ezincwadini zezindaba, Timo," kusho uGogo. "Izincwadi zingakufundisa izinto eziningi futhi zikuthathe zikuyise ezindaweni ongakaze uye kuzo."

UTimo wayevele agigitheke bese ethi, "Gogo, izincwadi azinakungiyisa ndawo. Yizimoto kuphela ezingakwenza lokho!" Emva kwalokho wayegijima ehle ngomgwaqo aye epaki nabangani bakhe.

Ngenye intambama, umngani omkhulu kaTimo, uBen, wayemlinde esangweni.

"Hhehi, Timo, ngabe usulungele ukudlala?" kwabuza uBen.

"Ngihlale ngilungile njalo nje," kwasho uTimo egijima ehla ngomgwaqo nomngani wakhe omkhulu. Bobabili babefuna ukufika epaki kuqala.

Ngenkathi befika lapho, abanye abangani bakaTimo babebalindele. UPamela wayehleli emjikelweni ekhala, kanti uNoma noSiya babemile eduze kwakhe. Babebukeka bekhathazekile.

UTimo wasondela eduze ukuze athole ukuthi kwabe kwenzakalani. "Kwenzekeni kuPamela?" kubuza yena.

"Ubekade esemjikelweni kanti uSiya uzomdudula mawala engaqondile. UPamela uwile emjikelweni, manje idolu lakhe seliyopha," kwachaza uNoma.

"Awu bandla! Sizokwenzenjani?" kwabuza uBen.

"Kulungile, ngiyakwazi okumele sikwenze," kwasho uNoma ebamba isikhwama sakhe esitshathwa emhlanekhipha okuyisikhwanyana.

"Yini lokho?" kwabuza uTimo.

"Ikhihi yosizo lokuqala. Ngizogeza idolu likaPamela bese nginamathisela le plasta ukuze azizwe engcono," kwasho uNoma.

Abangani bamangala ukuthi uNoma wayazi kahle ukuthi kumele enzeni. Kwathi uma iplasta isinyathiselwe, uPamela wathi uzizwa esengcono kakhulu esefuna ukudlala futhi. Bonke abangani bazizwa bejabule futhi bekhululekile base bebonga kuNoma.

Bonke abangani bagijima sebeqonde kuginqigonqo – ngaphandle kukaTimo. Wayemangele ukuthi uNoma ukwaze kanjani okufanele akwenze. Wayefuna ukwazi lapho kwakufundwa khona uhlobo lwalezi zinto ngoba amaqhawe amakhulu kwakufanele azi ukuthi abasiza kanjani abantu!

UTimo wahamba waya lapho uNoma ayenombela khona wambuza, "Noma, ukwaze kanjani okufanele ukwenze?"

UNoma wamoyizela wayesethi, "Ngakufunda encwadini yezindaba."

"Konke lokhu ukufunde ngokufunda nje incwadi yezindaba?" kwabuza uTimo. Wayengenasiqiniseko sokuthi angakukholwa okwakukade kushiwo nguNoma.

"Yebo, Timo. Ngifuna ukuba ngudokotela uma ngikhula ukuze ngikwazi ukusiza abantu. Ngenkathi ngifunda izincwadi zezindaba, ngifunda ngokuthi odokotela babasiza kanjani abantu," kwasho uNoma.

UTimo wayemangele! "Ngifuna ukuba yiqhawe elikhulu ngisize abantu nami. Ucabanga ukuthi izincwadi zezindaba zingangisiza ngikwazi ukwenza lokho?" kubuza yena.

"Yebo, noma kanjani!" kwasho uNoma. "Izincwadi zezindaba zingakufundisa izinto eziningi. Vele uzitholele zona emtatsheni wezincwadi uqale ukufunda."

Ngosuku olulandelayo, lapho efika ekhaya ebuya esikoleni, uTimo wakhumula umfaniswano wakhe wesikole wayesedla isemitshi lakhe elimnandi uninakhulu ayemenzele lona. Emva kwalokho wayesenza umsebenzi wakhe wesikole owenziwa ekhaya.

Wayeqeda nje ngenkathi uGogo embiza. "Timo, abangani bakho sebelapha. Balindele wena ukuze uhambe nabo niye epaki."

"Ngicela ubatshelane ukuthi ngizobuyele ngibabone ngokuhamba kwesikhathi, Gogo," kuphendula uTimo.

UGogo wayengazikholwa izindlebe zakhe! UTimo wayehlala ejahlele ukuhamba aye epaki. "Kungani ungahambi khona manje?" kwabuza yena.

"Bengingathanda ungifundele indaba ngaphambi kokuthi ngihambe, ngiyacela," kwasho uTimo.

UGogo wamoyizela ngokujabula. "Kusha lokho! Kungani ufuna ngikufundele indaba namuhla?" kwabuza yena.

"Ngoba uNoma uthi izindaba zingangifundisa ukuba yiqhawe elikhulu bese ngisiza abangani bami," kwasho uTimo ngesikhathi egxumagxuma ngokujabula.

"Nango-ke umfana wami!" kwasho uGogo ngesikhathi ethatha incwadi yezindaba.

Ngakho-ke, uGogo kanye noTimo bahlala ndawonye phansi base befunda incwadi yezindaba – nenye, kanye nenye futhi. Njalo ntambama ngemuva kwalokho, ngaphambi kokuthi uTimo ahambe ayodlala epaki, wayecela uGogo ukuthi amfundele.



Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1. Unscramble the letters in the word bubbles to make words to do with love. Start each word with the letter in bold.

enrifsd	guh	pelh
stutr	enidsksn	nairgc
lamfiy	phanepsis	
erhas	imlse	

Hlela izinhlamvu ezikumabhamuza amagama ukuze wenze amagama amayelana nothando. Qalisa igama ngalinye ngohlamvu olubhalwe ngokunzima.

eenumbu	kelakena	zsai
embtha	lebenobu	lakevi
zanaias	dinenum	
loibanju	kamathema	




2. Complete the sentence and then write a few more of your own. Draw a picture in the heart to go with what you have written.

To me, love is _____

Qedela umusho bese ubhala awakho ambalwa ngaphezulu. Dweba isithombe enhliziyweni esizohambisana nalokho okubhalile.

Kimi, uthando _____



We will be taking a break until the week of 24/30 April 2020. Join us then for more Nal'ibali reading magic!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla zi-24/30 kuMbasa kowezi-2020. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!



Answers: friends, hug, help, trust, kindness, caring, family, happiness, share, smile
 izimpundo: ubumene, nakekela, siza, thamba, nobubele, vkele, azisana, umnden'i, injabulo, mamathheka



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org www.nalibali.mobi nalibaliSA @nalibaliSA @nalibaliSA info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Arena Holdings Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

DailyDispatch

The Herald

Sunday Times

Sowetan
 IN THE KNOW ON THE MOVE.



Drive your imagination

